



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL, UMNUZ THEMBA MTHEMBU, AYETHULE EMHLANGANWENI NEZINHLANGANO ZABALIMI KWAMHLABUYALINGANA

USUKU: ULWESIBILI, 6TH KUZIBANDLELA 2016

INDAWO: UMASIPALA WAKWAMHLABUYALINGANA

UMphathi woHlelo

IMeya yesiFunda Umkhanyakude, uKhansela T.S. Mkhombo

IziMeya namaKhansela akhona

Amakhosi

INhloko yoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uDkt SF Mkhize

UMphathi weHhovisi lezoLimo kule ndawo, uNkk T Mathenjwa nethimba lakhe

Amalungu eziNhlango zabaLimi

Abaholi boMphakathi

Abalimi

Abasebenzi bakaHulumeni abakhona

Bafowethu noDadewethu

Abafuyi babhekane nesomiso ebesibucayi kabi kule minyaka yakamuva nakuba kungasafani, kanti senihlalel;we umsebenzi wokubuye niphembe kabusha izibaya zenu. Kuso sonke lesi sikhathi esibucayi niyazi nani ukuthi uMnyango ubelokhu ulapha eduze kwenu uwa uvuka nani.

Namhlanje ke ngilapha ukuzokwethula uhlelo lokugonywa kwemfuyo oluzosiza kakhulu ukunika imfuyo amandla njengoba ikhahlamezeke kaqkhulu ngenxa yesomiso. UMnyango ubeke eqhulwini lwezinhlelo zawo udaba olbalulekile bakwethu lokunakekelwa kwemfuyo. Ukuze-ke lolu hlelo luphumelele siding ukuthi sibambisane nani.

Njengabafuyi balapha emkhanyakude ngiyazi ukuthi ziningana izingqinamba enibhekene nazo. Nikankwe yimingcele yamazwe amabili okuyiSwazini nelaseMozambique. IMozambique isagubuzelwe yizifo thina njeNingizimu Afrika

esesikwazile uzingoba. Kodwa kuyiqiniso ukuthi nalo leli lakithi izwe linezifo ezingagcina zikapakele nakhona lena eMozambique. Lezi zifo ziseyingozi ezweni lakithi nasemfuyweni nje yethu ngakho kuyaphuthuma ukuba zinqandwe noma zivinjelwe ngayo yonke indlela.

Nike nabhekana futhi nengxaki enkulu yamatele kule ndawo esikuyo ngo-2011. Lokhu kwaholela ukumisweni kohwebo lwezemfuyo futhi imikhiqizo eqhamuka kulesi siFunda yamiswa ngamazwe omhlaba. Ngaleso sikhathi ukuqagula kwathi iNingizimu Afrika yalahlekelwa yizigidi ezine zamaRandi ngenxa yokubheduka kwamatele. Ngo-2014 kwabe sekuhoxiswa ukumiswa kwezehwebo njengalokhu ubambiswano phakathi kwenu ningabafuyi nomphakathi kanye noMnyango lwathela izithelo ezinhle.

Okwakungaba muncu ngaleso sikhathi kwakungaba ukuthi kudingeke zibulawe nje zonke izilwane ezinezinselo. Ngiyajabula ke ukuthi lesi simo sagwemeka futhi impela nje sikwazile ukulawula isimo kuze kube manje.

Nakuba, kunjalo siyizwe sinesibopho esisemqoka sokuba siqikelele ukuthi izwe aliphindi libhekane naleya ngwadla. Kusemqoka futhi ukuthi siqinisekise ukuthi ezinye izifo ziyagwemeka ngayo yonke indlela futhi sikwazi ukuzihlonza sizilawule zingakabi mandla.

Ngaphandle kwesifo samatele ezinye izifo eziyiva enyameni kulesi siFunda kubalwa kuzo i-Brucellosis, amarabi, iTB ne-Corridor Disease ebuye yaziwe ngokuthi yi-Buffer Disease noma iNagana. NjengoMnyango siwavulile futhi amehlo ukuqapha ukuthi isifo esihlasela izimbuzi iRinderpest ne-Brucella mellitensis azisidaleli inyakanyaka.

Lezi zifo ziyakwazi ukusabalala nasemfuyweni esiyifuye emakhaya futhi imiphumela yazo mibi impela ngoba ziyayibulala imfuyo. Kungalesi sizathu uMnyango ubulokhu usebenzisa umunti wedibha owehlukile kuneminye kule ndawo njengalokhu lona osetshenziswayo ubulala amakhizane nezimbuzane. Njengamanje sesisesigabeni sokuthi sisebenzise umuthi wedibha osetshenziswa nakwezinye izindawo esiFundazweni.

Abngiphi ngibatuse abanikazi bemfuyo bakule ndawo ngobambiswano abalukhombisile kuzo zonke lezi zinhlelo zokudibhisa imfuyo.

Nokho siyazi siwuMnyango ukuthi bakhona osikhwili phambana nobhoko abalokhu beshushumbisa imfuyo beyisusa eMkhanyakude beyisa kwezinye izindawo ezikude ngisho eThekwini imbala nakuba lokhu kuvinjelwe. Imbi kabi leyo nto!

Isifo i-Brucellosis neTB yezilwane, ziyabathelela nabantu futhi kuyakhathaza ukuthi zibonakala ziba yinsakavukela ezindaweni ezisogwini. Abantu bakithi abakhonze ukukleza ubisi uma kusengwa basengcupheni yokutheleleka ngalezi zifo.

Yingakho nje uhlelo lwethu lokugoma imfuyo lubaluleke kakhulu ngakho ke ngiyaninxusa ukuba niqhubeke nokubambisana nodokotela bemfuyo nakulo

msebenzi. Ngokubambisana singakwazi ukuthi senze imfuyo yethu ibe yinhle icwebezele futhi ibe ngephilile kulesi siFunda.

Muziwakwethu amadibha abaluleke kakhulu ngalokhu eyindawo lapho sikwazi khona ukulawula izifo ezidalwa ngamakhizane. Nemitholampilo lapho kubanjelwa khona imihlangano nabeluleki ibalulekile kakhulu impela. UMnyango ususebenzise izindodla zemali futhi usazoqhubeka uyifaka kulezi zikhungo ngoba zibalulekile ekukhiqizweni kwemfuyo ephilile.

Ngakho-ke kusemqoka ukuthi zinakekelwe lezi zindawo bakwethu. Azivikelwe ngayo yonke indlela zingawohloki phambi kwethu. Uyabona nje ukucekelwa phansi kothango olwaluvimbele ukuthi imfuyo ilawuleke ingabi uvanzi futhi luvimbele ukushushumbiswa kwemfuyo kuyinto ekhubaza kakhulu emoyeni. Hlalani nikhumbula njalo ukuthi yizindawo ezenzelwe nina lezi. Akuzona izikhungo noma izinto zikaHulumeni kodwa ngezenu, kujongwe ukuba zisize nina niyimiphakathi futhi zivikele imfuyo nempilo yabantu.

UMnyango ukhathazekile futhi ngokwanda kokudunwa kwezimoto kulesi siFunda kuhlenganisa ngisho nezikaHulumeni. Lesi simo sikhubaza ukusebenza ngendlela eshelelayo kodokotela bemfuyo nochwepheshe abanolwazi ngokusingathwa kwemfuyo. Zikhona-ke izinhlelo esiphezu kwazo ngokubambisana nezinhlaka ezibhekele ezokuphepha ukuze kuliwe nalesi sikhava siqedwe. Ngakho siyagcizelela ukuthi ubambiswano nemiphakathi yakule ndawo luyadingeka ukuze silwe nalobu bugebengu nokucekela phansi impahla.

Bakwethu, ngaphandle kokwethulwa kohlelo lokugoma imfuyo, zikhona izindaba ezimnandi enginiphathele zona mayelana nokufuywa kwemfuyo. UMnyango wezoLimo kade unomhlangano obaluleke kakhulu muva nje lapho bekuhlahlwa indlela yokusebenza sibheke phambili ekudlondlobaliseni umkhakha lona wezolimo esiFundazweni. Ikhona imibono ekhakanyisiwe emihle kakhulu. Kulama sonto ezayo kuyophothulwa zonke izinhlelo bese zabelwa ngononina imali yokusebenza futhi kuklanywe nendlela ezizophakelwa ngayo imiphakathi.

Injongo enkulu yoMnyango kuhlathshelwa phambili ukuba zonke izinhlelo zethu zibeke phezulu esicongweni ukuba khona kokudla esizweni. Lokhu-ke kusho ukuthi imikhiqizo yokusanhlamvu nemikhiqizo yemfuyo kuzobhekwa ngelibanzi.

UMnyango usuphinde wakubeka emahlombe awo ukuba ukuqeda indla nobuphofu emiphakathini yakithi emakhaya. Ngokwezibalo zaba-Statistics South Afrika abantu abangaphezulu kwezigidi ezintathu KwaZulu-Natali babhekene nobubha. Lokhu kuchaza ukhathi amaphesenti angu-30 abantu balapha esiFundazweni sakithi, iningi labo elizinze ezindaweni zasemakhaya lidla imbuya ngothi.

Eqinisweni, lesi siFunda sakithi eMkhanyakude, sesihlonzwe njengaleso esinamazinga aphakeme kakhulu enhlupheko. Siyazi ke bakwethu ukuthi ezolimo zisegazini kubantu basemakhaya futhi siyakuqonda ukuthi uma sifuna ukukhulisa umnotho wasemakhaya kudingeka sigxile ekukhuliseni ezolimo. Yingalesi sizathi thina eMnyangweni sesiqhamuke nesisho esisha esithi "Masenze Ezolimo Usikompilo Lwethu".

Isithangami ebesinaso sokuqhamuka neqhinga lokusebenza siveze izindlela eziningana zokwenza sifake umfutho umkhakha wezemfuyo. Ukuphuculwa kokwelashwa kwemfuyo kungezinye zezinto ezibekwe eqhulwini impela.

Sisebenza namaKhosi sizokwazi ukuvuselela amadibha futhi sibiyele amadlelo ezinkomo ezigodi. Lokhu kungenelela kuzokwenza ukuthi abantu bakithi baphinde bakwazi ukufuya imfuyo ikakhulukazi izinkomo nezimbuzi. Ukubiyelwa kwamadlelo kuzokwenza nalabo abelusayo bakwazi ukuya esikoleni ngoba izinkomo zizolondolozeka emadlelweni abiyelwe, bangachithi usuku lonke beluse izinkomo.

Sizoluvakashela nohlelo lomabhalane bamadibha okuhloswe ngalo ukubaqasha, ukubaqeqesha nokubanikeza ulwazi oludingekayo lokusebenza imiphakathi. Labo mabhalane abaziwa phecelezi ngokuthi ama-Community Animal Health Workers (CAHWS) bazosiza imiphakathi abakuyo ngokuyigcinela amadibha. Bazophinde bahlonyiswe ngolwazi lokusiza imfuyo egulayo nedinga ukwelashwa. Bazobuye bafundiswe ukuqaphela izifo ezingabheduka emfuyweni.

Sikubhekile nokuthi kuthuthukiswe ukuzalaniswa kwemfuyo ukuze kuqinisekise impilo enhle emfuyweni futhi kuqinisekise ukunakekelwa kwamadlelo.

Bafowethu noDadewethu, uMnyango usukhombisilem kakade ukuzibophezela kwawo kule ndawo esikuyo yaKwaMhlabuyalingana. Indawo yenu manje inesikhungo sokuhweba ngemfuyo isinekelwe ezandleni zabafuyi. Amadela akhiwe nawo kanti kuhloswe ngawo ukuthi amumathe umthamo wenyama yezinkomo ezizoqhamuka kuwo wonke uMkhanyakude namaphethelo. Amadibha, izigwedlo namadamu emfuyo kwakhiwe ngenjongo yokuthi imfuyo yenu ibe nempilo engcono futhi ikhiqize kube yinala. UMnyango ukwazile futhi ukugxila ekusunguleni imisebenzi yezimbuzi ukuze kuphuculwe indlela yokuziphilisa futhi kuqinisekise ukuthi inyama enomsoco namaveji kutholakala ngamanani aphansi.

Bakwethu, asisukume-ke manje sibambisane siyise phambili isiFundazwe sakithi ngokuthi singapholisi maseko kodwa siqale khona nje manje ukusebenza ndawonye lo mshikashika esengiwethulile wokugonywa kwemfuyo. Ngiyabonga.



KZN MEC for Agriculture and Rural Development Mr Themba Mthembu together with Umkhanyakude District Municipality Speaker of the Council Clrr Solomon Msane and members of Umhlabuyalingana Livestock Association visiting the Umhlabuyalingana Auction Sale Yard



MEC Themba Mthembu together with Umkhanyakude District Municipality Speaker of the Council Clrr Solomon Msane and members of Umhlabuyalingana Livestock Association at the Umhlabuyalingana Auction Sale Yard



MEC Themba Mthembu together with Umkhanyakude District Municipality Speaker of the Council Clrr Solomon Msane and members of Umhlabuyalingana Livestock Association visiting the site where the Department will be building a diptank for the community of Manzengwenya



MEC Themba Mthembu at the site where the Department will be building a diptank for the community of Manzengwenya